# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo



## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Kwakuyimpelasonto yokuba ngivakashele uGogo noMkhulu epulazini labo. Umngani wami omkhulu uDaza kanye nami sasikade silokhu sikhuluma ngempelasonto yethu.

Uthisha wethu uNksz Stewl wayesibambe sinikana amanothi ngale mpelasonto, kodwa akwaze kwasihlupha lokho ngoba sasijabule kakhulu.



Sasilithanda ipulazi. Kwakukhona amadada, amahansi, izinkukhu, izimbongolo, izinja, izinkawu kanye-ke namazinyane ezimbuzi amathathu.

Izimbuzi zigcinwa esibayaneni esiseduze kwesezimbongolo. Zinezikhumba ezihayayo, amadlebe namehlo amakhulu, nezimponjwana ezingamaqhuzwana phakathi neziphongo.

Njalo ngoMgqibelo uGogo noMkhulu bafaka amabhuzi abo erabha nama-ovaroli bageze isibayana leso sezimbuzi.

Awubheke nje isibaya sazo! Singcole kakhulu futhi sinodaka!



Ngenkathi sishayela siya epulazini, ngezwa sengathi kukhona okungalungile. UGogo noMkhulu babengekho esangweni ukusihlangabeza.

"Awubheke, Mama, kukhona okwenzekile. UGogo noMkhulu balele phakathi nalesi sibayana esingcolile."

"Yehheni we bantu!" kubabaza uMama. "Ngethemba ukuthi awekho amathambo abo ephukile. Manje ziphi izimbuzi? Baphi oNgwenya, uLayla noBilly?

Maye! kusho ukuthi baphinde beqa futhi! Wena Benjamin nawe Daza, bhekani ukuthi ngabe izimbuzi zishone kuphi, ngesikhathi mina ngisiza uGogo noMkhulu.



UNgwenya, imbuzi ethambile eyayikhuliswe nezinja, wayeyisilwane esiyisimanga nje. Wayengazi noma uyinja noma imbuzi noma ngumuntu yini. UGogo wayemnike ukudla ngebhodlela. Lapho esemncane wayevame ukuntshontsha izintwana lapha endlini alale kosofa. UNgwenya wayehlakaniphile, evame ukukhipha nokhiye esangweni eqe, nezinye izimbuzi zigxume emva kwakhe.

ULayla owayeyimbuzi encane kunazo zonke, kanti uBilly imbuzi eyayindala kunazo zonke, yayihlale ithukuthele nje, ivame ukuhlaba abantu ngezimpondo.

Angazi noma akuyikho yini lokhu okwenzeka kuGogo noMkhulu.

Sagijima sashesha sehlela emasimini. Zonke izimbuzi zazigxumagxuma emasimini ayenotshani obabusanda kusikwa, zidla lobu tshani kanye nameva asegayekile.

Ngangifisa sengathi izimbuzi ngingazishiya khona lapho kodwa lwalungekho uthango, kanti izimbuzi zazizithanda izimbali zamaphrothiya zikaMnu noNkk Nathe ezibiza kakhulu.

Sazibiza ngamazwi aphansi. "Ngwenya, Billy nawe Layla wozani lapha." UBilly waphakamisa amadlebe akhe waqala ukuqhwisha inhlabathi.



Ngaqala ngokuya kuNgwenya. Ngamhlebela endlebeni, wase ehamba eduze kwami ngokuthula. ULayla walandela uDaza sabahola sabuyela esibayaneni.

UGogo noMkhulu babengasekho lapho. UMama wayezamile ukuba bangalimali, base behlezi ezihlalweni esitubhini esingemuva.

Sasikhiyela kahle isibayana sayolanda uBilly. Safaka ibhande elinentambo entanyeni yakhe, samhola noma elwa uBilly sambuyisela esibayaneni.

Ekhaya sasilindelwe ngamabhisikidi abhakwe ekhaya kanye netiye. "Siyabonga Gogo," simemeza sobabili. Sasiwathanda kakhulu amabhisikidi kaGogo.

UGogo wayenezinja ezinhlanu, uJasmine, uJoya, uCarlo, uBig Dog noDitto. Zonke zazilethwe epulazini ngenkathi abanikazi bazo beye eholidini zase zihlala khona lapho.

UJasmine kwakuyinjakazi enemilenze emide ebukeka izazisa, enesikhumba esinsundu esicwebezelayo, namehlo amakhulu okungathi anamanzi.

Izinja zabe zibalulekile epulazini. UBig Dog wabe eyinja eyayimnene ingumngani weHansi. Uma sibiza uBig Dog ukuba simuphe okumnandi, iHansi lalikhononda nalo lifuna ukuphiwa okumnanjana. Ngagijima ngabuyela endlini ngayofunela uHansi isinkwa.

UJoya kwakuyinja kaGogo. Kwase kukudala aba noGogo. Wayemthanda uGogo, ude umbona esezisondeza kuGogo njalo uma ethola ithuba.

UDitto noCarlo kwakuyizinja ezincane ezazithanda ukuba ndawonye. Yizo ezazibheka ukuthi izinkukhu ziphephile uma ngabe izimpungushe zingena egcekeni lasepulazini.



UGogo noMkhulu babenedamu elikhulu epulazini. UDaza nami sasithanda ukubhukuda lapho. Ekuseni ngakusasa izinja eziyisihlanu, uDaza nami sagijima saya edamini ukuba siyobhukuda. NguJasmine owayethanda ukubhukuda kakhulu. Ngelinye ilanga ngaba namajaqamba emlenzeni ngibhukuda, yena wangibamba ngengalo  ngesineke wangidonsela eceleni kwedamu. UDaza nami sasizizwa siphephile uma kukhona uJasmine.

Kwase kuyisikhathi sokudla kwasemini. Lapho sesibuyela endlini yasepulazini sezwa ukukhala okudabukisayo kuthi 'me-e-e'. Kwakuyizinyane lemvu elisanda kuzalwa libhajwe esihlahleni. "Daza, ngisize ukuba sikhulule leli zinyane kulesi sihlahla." Ngemva kokuzama isikhashana, saphumelela ukukhulula izinyane. Laxhuga laya kunina obebuka ngokukhulu ukukhathazeka.

Safika sabaxoxela ekhaya ngalolu daba lwezinyane.

"Nenze kahle," kusho uMkhulu. "Ngempela kuningi eniyokutshela abangani benu esikoleni kusasa."

Kwakuwuhambo olwasifundisa okuningi. Siyalithanda ipulazi.

Imicabangango emihle iyohlala inathi njalo.


# UNanabule

UThula  wenze umsetshenzana
Ekhwapheni lakhe ugodle imbuzana,
Namhlanje  imali akayiholanga
Bathe ngale mbuzi bayambonga.

Ufika ejabule ecula ingoma;
"Nonke bonani isipho sami!",
Kukodwa nje yena angakwazi,
UMama lo akayithandi imbuzi.

UThula wathi imbuzi uNanabule,
Wayipha  ukudla abakuphekile,
Yakheth' utshani hhayi inyama,
Nanso idla iklabishi likaMama.

UThula  wesaba ulaka lukaMama.
"NoNanabule angehlukani Mama."
Yonk' indawo badlala ndawonye
Njengezingane zikamama munye.
UMama wabuka isimanga esingaka:
"Phela uThula akaze ajabule kangaka!"
Kodwa uNanabule ngeke  ay' esikoleni,
UThula  uthi bazodlala  nje otshanini.






"Thula ngiyamthanda umngani wethu,
Yana esikoleni  uyomfica esuthi,
Amakhas' eklabishi ngizowakhela yena
Amany' amakhasi  ngiwaphekele wena."

# Bewazi nje?

- ✓ Amazinyane embuzi nonina bayezwana ngamazwi emvana nje kokuzalwa kwawo.
- ✓ Izimbuzi zinesiphiwo sokwazi ukuhamba zingagingqiki nasezintabeni ezehlela kakhulu.



- ✓ Kukhona izimbuzi ezikwazi ukukhwela emthini, kanti ezinye zingeqa into ephakeme ngemitha nohhafu.
- ✓ Umntwana wenkukhu kuthiwa yitshwele noma ichwane.
- ✓ Inkukhu iyakwazi ukubona nokukhumbula abantu abehlukene.



- ✓ Amahansi ahlakaniphe ukwedlula eziningi izinhlobo "zezinyoni" ezifuywayo.
- ✓ Amahansi anempilo ende. Kukhona aze ahlanganise iminyaka engamashumi amathathu.
- ✓ Inja inesiphiwo esikhulu sokulandela iphunga lento.



- ✓ Abanye abantu bathi "Inja ingumngani womuntu owedlula bonke".
- ✓ Izinja zisetshenziselwa okwahlukene, njengokuhola abangaboni kahle, ukusiza amaphoyisa nokuzingela. Kwamanye amazwe zisetshenziselwa ukudonsa izihlibhi.

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1 Funda imibuzo elandelayo ubhale phansi izimpendulo.

a. UDaza noBenjamini babenikana amanothi eklasini. Ucabanga ukuthi kwenzekani kubafana?
b. Ayengobani amagama ezimbuzi? Iyiphi wena oyithandayo?
c. Chaza ukuthi kwenzekani kuGogo noMkhulu. Bhala imisho emihlanu.
d. UBenjamin noDaza benzani ukubuyisela uBilly esibayaneni?
e. Benzani oBenjamin noDaza ukusindisa izinyane?
f. Ucabanga ukuthi uBenjamin noDaza bahlala edolobheni noma epulazini? Usho ngani?
g. Ungathanda wena ukuhlala epulazini? Usho ngani?



2 Awuzicabange unguDaza. Bhalela oGogo noMkhulu kaBenjamin ubabonge ngempelasonto emnandi obe nayo ngenkathi ubavakashele epulazini.

Izinga lesi-: 2

# Incwadi yesi-3

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Impelasonto ekhumbulekayo |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yesi-3 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | labo, yethu, kodwa, ngoba, ugogo, wami, kakhulu, lokho, imbuzi, imbongolo |
| Ulwazimagama: | impelasonto, ukungcola, umkhulu, esangweni, yehheni, mncane, ukuntshontsha, zigxume, iphrothiya, ukuqhwisha, inhlabathi, samhola, sambuyisela |
| Imisindo: | mp, ngc, mkh, ngw, hh, mnc, ntsh, gx, phr, qhw, nhl, mh, mb |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uphendula imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ubhala incwadi yokubonga. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

**Izinga loku-1**

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

**Izinga lesi-2**

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

**Izinga lesi-3**

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso

ISBN 978-1-4315-2525-6
9 781431 525256

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2525-6

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.